# Uzwe ngokushona komfowabo esemhlanganweni

NONTUTHUKO NGUBANE

UTHOLE ngokushona komfowabo nendodana yakhe esemhlanganweni we-ANC, uNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal, uMnuz Themba Mthembu.

Umfowabo kaMthembu, uMnuz Thulani Mthembu nendodana yakhe uBoy, engatholakalanga iminyaka yabo, kuthiwa bashone ujuqu engozini yemoto eyenzeke eGingindlovu.

Kule ngozi kushone abanye abantu abathathu, sebebonke abashonile babe bahlanu.

Okhulumela uMthembu, uMnuz Khaye Nkwanyane, uthe uMthembu kade eqeda ukukhuluma emhlanganweni obuseCoastlands Hotel ngesikhathi ethola izindaba ngokushona komfowabo.

"Umndeni wonke uthukile ngoba angilahlekelwanga umfowethu kuphela kodwa nendodana yami. Ngibonga bonke abangesekile njengoba imiyalezo yenduduzo ilokhu ingena," kusho isitatimende esivela ehhovisi likaMthembu.

Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-Natal, uColonel Thembeka Mbhele, uthe kuyaphenywa ngembangela yengozi.

"Izimoto ezimbili iGWM ebinabantu besilisa ababili ishayisane neChevrolet ebinezithandani nengane yazo. Abantu abane bashone endaweni yengozi kwathi owesifazane obekwiChevrolet washonela esibhedlela. Kuvulwe amacala okubulala ngokungenhloso. Kuyaphenywa," kusho uMbhele.

Isolezwe
February 14, 2017
Page 04